KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson
Tel: o33-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255
Toll-Free: 0800 000 996
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

agriculture & rural development
Department: agriculture & rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI, UMNUZ THEMBA MTHEMBU, AZOYETHULA EMCIMBINI WOKWETHULWA KWAMADIPHU NEMISEBENZI EHOLWA YIGAYEDE GOAT PROJECT EMVOTI

**ULWESIHLANU, 15 JULAYI 2016**

**INDAWO: VUKAPHANSI SPORTS FIELD, UMVOTI**

UMphathi woHlelo, uMnuz SW Haschke

IMeya yesiFunda uMzinyathi, uKhansela L Ngubane

IMeya yaseMvoti, uKhansela T. Ngubane

Amakhansela akhona phakathi kwethu

Inkosi yesizwe saKwaNgcolosi, u-C Dlomo

Abamele izinhlangano zabafuyi

Abe-Gayede Goat Project

Abaholi bomphakathi

Bafowethu noDadewethu

Kuyintokozo kimi namhlanje ukuba ngime lapha phambi kwenu ngizokwethula isheke lesigidi samarandi enhlanganweni iGayede esiyenze umsebenzi obaluleke kakhulu wokufuywa kwezimbuzi kule ndawo. Ngizizwa ngihloniphekile ngoba le projekthi iqalwe ngabantu abasha endaweni futhi abanogqozi olukhulu lokufukula umphakathi wakubo. Ngithi halala kumfowethu uZenzele Dlomo nethimba lakhe ngomsebenzi omuhle nobabazekayo abawenzayo futhi beqhubeka besebenza ngaphandle kokudembesela. Bebengahamba bayosebenzela kwenye indawo kodwa abakwenzanga lokho, bazinzile khona kuyo le ndawo ngoba bebebona ukuthi kungasebenzeka futhi zifuyeke izimbuzi. Niqale umsebenzi oletha ithemba nakwenye intsha yalapha endaweni esikuyo namuhla.

Bafowethu noDadewethu, iGayede Goat Project iyisibonelo esishaya emhloleni ikakhulukazi ekuqhakambiseni ukubaluleka kobudlelwano phakathi kukaHulumeni nomphakathi ekuqinisekiseni ukuthi kwakhiwa impilo engcono

emphakathini. UDlomo waya eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ehambise uhlelo lonke lwale projekthi. Kwathi lapho abasebenzi boMnyango bebona ukuthi lo msebenzi ungaba yimpumelelo kwabe sekuqala-ke ukuba kube khona ubambiswano oseluholele kuwo wonke umsebenzi esikhuluma ngawo manje.

Uyabona-ke lokhu yinto esihlale siyitshela intsha ethanda ezolimo ukuthi mayize nemibono yayo. Sinongoti abeluleka ngamabhizinisi ezolimo eziFundeni ezehlukene abangasiza intsha ukuze kubonakale ukuthi kukhona yini okungenziwa ngemibono eqhamuka nayo. Siyosiza ngokwenziwa kwama-business plan, bese sibona ukuthi yini enye esingayenza ukuze umsebenzi uqhubeke futhi siqeqeshe amakhono. Injongo yethu ukuba sibone iprojekthi iqhubeka isebenza ingafadalali futhi ikwazi ukubhekana nomsebenzi wokulwa nobubha, kwakhiwe amathuba emisebenzi kukhuliswe nomnotho.

IGayede Goat Project ikwazile ukuhlangabezana nazo zonke izinto ebezidingeka. UMnuz Haschne uchaza uDlomo nethimba lakhe athi bayintsha enogqozi futhi enombono wokukhulisa, idayise izimbuzi njengosomabhizinisi abazimele.

Sikholwa ukuthi le projekthi ingakwazi ukukhula ibe nkulu. Indawo yaseMakhabeleni inhle kakhulu ekufuyweni kwezimbuzi ngoba inezihlahla ezimfishane eziyizihlangwane futhi siyazi ukuthi izimbuzi ziyaluthanda lolu hlobo lwezihlahla. Okunye okuhle ukuthi izimbuzi ziyakwazi ukubekezela uma kunesomiso ngoba amanzi aziwajahi futhi ziyakwazi ukunquntanqunta lapha nalaphaya ngokungafani nezinkomo.

Ngaphezulu kwalokhu, uHulumeni wesiFundazwe unohlelo olubanzi lweminyaka eyisihlanu lokufuywa kwezimbuzi esiFundazweni kodwa kugxilwe kakhulu eMzinyathi. Lolu hlelo luhlose ukuba kuthuthukiswe abalimi bezimbuzi abangu-7000 abayogcina sebehweba ngokuzimela ukuze bafake inyama yembuzi ezimakethe zakuleli nakwamanye amazwe. Ukwenezela kulokho, kuzoqeqeshwa abantu abangu-620 abazobhekela impilo yezilwane abazonikezwa zonke izidingo zokwelashwa kwemfuyo ukuze basize abalimi. Kuningi okunye okuhlelwa yiGayede Goat Project. Kusuka ekukhulisweni nasekudayiseni izimbuzi lo mfelandawonye uyobe usuqala ukwenza ukudla okwehlukene okudliwa yizimbuzi, kuhlanganisa nokungena ekwakhiweni noma ekulungisweni kwemikhiqizo eyenziwe ngenyama yembuzi njengamasoseshi. Likhona futhi ibhizinisi ekudayisweni kwesikhumba sembuzi njengalokhu singadayiswa bese kwakhiwa izicathulo, izikhwama sokuphatha imali nalezi ezigaxwa yimbokodo emahlombe nemiqamelo yesikhumba yokuhlobisa. Kuyacaca-ke Bafowethu noDadewethu ukuthi uma sisebenza ngokubambisana kuningi esingakwenza ukukhulisa ibbhizinisi lokufuywa kwembuzi lapha ku-ward 6. Singasebenza ndawonye ukwakha ikusasa eliqhakazile.

Ekuqaleni uMnyango wahlinzeka le projekthi ngezimbuzi ezingu-200. Njengamanje kubiyelwa indawo futhi uMnyango usezinhlelweni zokwakha isibaya sezimbuzi esikhulu. Abantu abangu-9 baqashiwe kanti kulaba kukhona abesifazane abane nabesilisa abahlanu bonke abangabendawo.

Ngithi kwabeGayede, nenze umsebenzi omuhle, qhubekani niphikelele phambili. Silapha ukuzonilekelela nokuthi sinisize nikhule nibheke phambili. Impumelelo yenu isho impumelelo yomphakathi. Nikude kakhulu namadolobha amakhulu

kodwa angeke nalibaleka. Iprojekthi yenu ingabeka indawo yaseMakhabeleni ebalazweni futhi intsha yakwezinye izindawo zesiFundazwe ingafunda lukhulu kwenikwenzayo.

Muzi wakwethu, uhlelo esinalo ngelokuba sithuthukise le ndawo kwezomnotho ikwazi ukuzimela. Siyazi ukuthi kulukhuni satshe ukuthi singaphumelela ukwenza lokhu ngezitshalo ngoba le ndawo yomile ngakho nikuthola kunzima ukulima imifino nokunye. Noma kunjalo kodwa kuningi esingakwenza ukuletha uguquko njengokufuya imfuyo njengoba ichuma kule ndawo. Yingakho silapha namuhla ukuba sibuye sethule nohlelo lwamadiphu. UHulumeni kaKhongolose uyakuqonda ukuthi uma kuthuthukiswa umkhakha wezemfuyo emakhaya futhi kuliwa nobubha ngeke kwashiywa ngaphandle ukugxiliswa kwamehlo ethu ekuthuthukisweni kwengqalasizinda. Yona-ke ihlanganisa ukwakhiwa kwamadiphu, amadamu nezindawo zokugcina izimpahla.

Ukwakhiwa kwediphu kuze nezinselele ezahlukene futhi ngiyathanda ukuba ngibonge inhlangano yabafuyi yalapha eMvoti nomphakathi ngokubambisana noMnyango. Siyabonga nje kuwo umphakathi ngokuthi izinkinga ebezikhona ngokwakhiwa kwediphu wakwazi ukuziqaphela. Bakwethu, ngiyafisa ukuba ngicacise ukuthi lowo owayeqashwe ukuba enze umsebenzi waziswa ngezinkinga futhi wakwazi ukuzilungisa. Konke okwakumele kulungiswe futhi kwenziwe kugcine kwenziwe ngononina ngakho-ke ngiyathokoza ukusho ukuthi njengamanje ongoti bethu bahlola ukuthi izinga lediphu lingelamukelekile yini futhi-ke kuzoqinisekiswa ukuthi azikho izinkinga eziqubukayo emuva kwesikhathi. Uma ngiqeda ukwethula lo msebenzi namuhla idiphu ngiyethemba liyobe selikulungele ukusetshenziswa.

Ngiyazi futhi ukuthi akekho uchwepheshe obhekele izilwane kule ndawo. UMnyango uyakulungisa lokhu futhi maduze kungase kulethwe ehhovisi lezolimo lalapha endaweni umuntu oqhamuka esiFundeni uMzinyathi ukuzolekelela. Ezinye izindaba ezimnandi yilezo ezithi uMnyango usunezimoto zodokotela bezemfuyo ezingomahambanendlwana ezihambela izindawo ngezindawo. Indawo yaseMakhabeleni kuhlelwe ukuba nayo ihanjelwe yilabo mahambanendlwana. Labo abaphothule iziqu zabo ekwelashweni kwemfuyo nabo kumele baqede unyaka besebenza emphakathini njengoba kwenzeka kodokotela abavamile abaqeqeshelwa ukwelapha abantu. Njengamanje kunodokotela bemfuyo abayishumi abasaqeqeshwa abasebenzela uMnyango. Idiphu elethulwa namuhla lakhiwe ngesamba semali esingu-R480 000 futhi lizosetshenziswa yizinkomo ezingu-1500 kule ndawo. Lesi sakhiwo esisemqoka sakhiwe nguHulumeni ukuze anisize ninakekele imfuyo yenu futhi kulawulwe izifo. Njengoba bese ngike ngasho uchwepheshe wezemfuyo uzofika ukuze anisize ngokwelapha imfuyo yenu futhi aninikeze usizo eniludingayo. Uchwepheshe uzokwazi futhi ukugcina amarekhodi ukuze azise uHulumeni ngokushesha uma kubheduka izifo ezibulalayo.

Bafowethu noDadewethu, njengoba bese ngike ngasho, lena ngeminye yemizamo ebalulekile yokuthuthukisa imboni yezemfuyo esiFundazweni. Njengalokhu kukhona uhlelo lwezimbuzi, kanjalo lukhona nohlelo oludidiyele lwezemfuyo. INingizimu Afrika ibambe iqhaza elibalulekile ekudayisweni kwenyama emazweni angaphandle okubalwa kuyo inyama yenkomo, eyemvu, eyengulube neyenkukhu. iKwaZulu-Natali yona ithenga izimbuzi ezingu-270 000

eziphilayo ngonyaka e-Eastern Cape naseNamibia ukuze kufezwe izinhloso ezehlukene. Yize kunjalo, isiFundazwe singakwazi ukukhiqiza okwanele ukuthi kusetshenziswe lapha ngaphakathi futhi ezinye izimbuzi zingaze zidayiswe kwezinye iziFundazwe nangale kwemingcele yezwe. Lokhu kuyobamba iqhaza ekugcinweni kokudla kukhona, ukuthuthukiswa kwezomnotho nokuthuthukiswa kwesiFundazwe sonkana.

Ezindaweni zomphakathi yilapho singenza khona inzuzo enkulu. Izindawo zomphakathi eKZN zinezinkomo ezenza umkhiqizo wenyama oyisilinganiso esingu-55% esiFundazweni kanti zikhiqiza izimbuzi ezingamaphesenti angu-74 kodwa noma kunjalo zinomnikelo nje ophansi ongu-5% embonini yenyama ezweni. Yingakho sijabula kakhulu ukuthi sethula lo msebenzi weGayede Goat Project namadiphu namuhla ngoba lokhu kubaluleke kakhulu kule ndawo yaseMakhabeleni. Kuyingxenye yeqhinga likaHulumeni wesiFundazwe ukuthuthukisa ezemfuyo esiFundazweni. Iqhinga ligxile ekuthuthukisweni kolwazi olunembile noluphusile olucobelelwa abafuyi bomphakathi ikakhulukazi ekuzalanisweni kwemfuyo nokunakekelwa kwempilo yayo, ngaleyo ndlela kuncishiswa izinga lezifo nokufa kwayo.

UMnyango uzoqhubeka uhlinzeka izinsiza kudipha, imithi yokugoma imfuyo, ukunakekelwa nokuhlinzekwa kwemithi yemfuyo ezonisiza ukuba nibe nemfuyo ephilile ukuze nikwazi ukubamba iqhaza ekukhiqizweni kwenyama ukuze lapho nidayisa nenze inzuzo eyengeziwe.

Konke lokhu kuyimizamo yethu siwuMnyango yokuthuthukisa le ndawo. UMnyango uhlinzeke abalimi baseMvoti ngosizo lokulwa nesomiso ngezinsiza ezifinyelela ku-R1.4 million. Ukwakhiwa kwediphu kuhlanganisa nokuhlinzeka ngamathango okugcina amanzi kanti nesikhungo sokusabalalisa amanzi sesiphothuliwe ukwakhiwa ku-ward 5 kuhlanganisa nocingo lokubiyela amadlelo emfuyo. Kusetshenziswe imali engu-R2.4 million ku-ward 11 kuxhaswa umkhiqizo kabhontshisi owomileyo, ngalo msebenzi kuvuleke amathuba emisebenzi angu-25. Sisazoqhubeka sisebenza nani ukuqinisekisa ukuthi ziyayiphucula impilo yabantu bakithi. Ningakhohlwa ukuthi luyatholakala usizo kubasebenzi basemahhovisi endawo mayelana nokuzisungulela izingadi zasemakhaya.

ImiNyango yethu ivulekile, sininxusa ukuba nisondele nizofuna usizo ngoba silapha ukuba sizonilekelela bakithi. UHulumeni unohlelo lweBatho Pele, olusho ukuthi abantu beza kuqala kulo Hulumeni ngakho-ke ngicela ningakhohlwa ukuthi niza kuqala kithi.

Ngiyabonga!